**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ BHEKI CELE YOKUVULA UMGWAQO U-P296/P38 ENEWCASTLE NGOLWESIHLANU MHLAKA 17 APRIL 2009.**

**Ngiyanibingelela nonke**

- Kule minyaka edlule uMnyango wezokuThutha KwaZulu-Natal uhambe ibanga elide ukuvala igebe eladalwa ngohulumeni bakudala kwezentuthuko. Kule minyaka sifunde okuningi kwezentuthuko.

- Sikwazile ukwakha izinhlelo ezahlukene njenge-African Renaissance Roads Upgrading Programme (ARRUP) okuwuhlelo lokufakwa kwetiyela emizileni emikhulu ezothuthukisa ezomnotho esifundazweni saKwaZulu-Natal.

- Ngithanda ukuniqinisekisa namhlanje ukuthi uMnyango wezokuThutha KwaZulu-Natal uzimisele ngokuqeda ukushiywa kwenu ngaphandle. Sizimisele ngokusebenzisa izinhlelo zethu ukuthuthukisa imizila ebalulekile ezokwenza kube lula ukuthuthukisa isifundazwe sethu.

- Lo mgwaqo u-P296/P38 usufakwe itiyela kusuka Osizweni ku-P296 udlule eSpringboklaagte kuze kube u-P38 kwimpambanamgwaqo ku-P277 KwaMbakane.

- Lo msebenzi uqale ngo-2003 kanti isingu-R135,9 million imali esisebenzile. Ubude bawo ungu-27.5 km. Wonke umsebenzi wenziwe ngosonkontileka abasafufusa kanti isingu-128 imisebenzi esitholwe ngosonkontileka abaku-grade 1 kuya ku-grade 4.

- Njengomgomo ye-ARRUP, amathuba emisebenzi amaningi anikwe abantu bendawo njengoba ibalelwa ku-958 imisebenzi enikwe bona okuholele emisebenzini yosuku engu-58 617. Ibalelwa ku-R3,235,188.99 imali esikhokhelwe abantu bendawo abasebenzayo.

- Enye impahla yokwakha ibithengwa khona endaweni njengoba izinkampani ezingu-9 zikwazile ukuhlinzeka ngempahla edingekayo. Ingu-R927,924,00 imali esetshenziswe ukuthenga impahla kulezi zinkampani. Abanye osomabhizinisi bebehlinzeka ngosizo ngqo kosonkontileka. Phezu kwalo mgwaqo, kunamabhuloho amabili akhiwe emifuleni iThendeka neMbabane.

- Ukwakhiwa kwalo mgwaqo kuhlomulise nezikole ama-High School amane, ama-Primary School ayisithupha, imitholampilo emibili, izinkulisa ezintathu nesiteshi samaphoyisa.

- Ngenkathi kuqhubeka umsebenzi kubekhona imihlomulo elandelayo:

i) Ukwakhiwa kwe-Soil Laboratory: Ngokubambisana neNewcastle Cost Centre usomabhizinisi wendawo usungule indawo yokuhlola inhlabathi. Le laboratory isiyenza umsebenzi obewenziwa izinkampani ezinkulu zaseMgungundlovu naseVryheid.

ii) Izakhiwo zomphakathi: Amahhovisi amabili osonkontileka anikezelwe emphakathini. Elokuqala ngasoSizweni likezelwe umphakathi ngonyaka odlule njengoba selisetshenziswa usoseshini wamatekisi nabemfundo yabadala i-Adult Basic Education and Training.

iii) Uqeqesho lobunjiniyela: Minyaka yonke bekuhanjelwa izikole lapho kukhuthazwa abafundi ukuba bathathe izifundo zobunjiniyela. Kuhanjelwe izikole ezingu-9. Abafundi abangu-9 (abesifazane abahlanu) bakwazile ukuhlomula ngqo kulo msebenzi. Abafundi ababili sebethole imifundaze ngokugcwele yokufunda eTechnikon.

- Okuwumongo wokulethwa kwezidingo ngukudalwa kwemisebenzi nokulwa nobubha. IsiFunda saseMajuba sesiqashe oZibambele abangu-3172 lapho kufakwa khona imali engu-R15,937,474 million minyaka yonke. Bangu-58 oZibambele abasebenza kulo mgwaqo uP296.

- Ngaphandle kokutshalwa kwezimali ezingenhla, uMnyango uneminye imisebenzi kule ndawo ehlanganisa iVerdriet Pedestrian Bridge ka-R 2,6 million, iVanjazi Pedestrian Bridge ka-R 1million. Le misebenzi isiphothuliwe.

- Sengiphetha,yinina eningabavoti eninike uhulumeni wethu wentando yeningi amandla okusebenzisa izimali zenu ukwakha izinhlelo eziphusile zokulwa nokungalingani nokulwa nobuphofu ngendlela evulelekile ebonwa izwe lonke.

- Lokhu akujiki. Uma izimali zingafinyeleli emiphakathini emazingeni aphansi zenze umehluko ezimpilweni zabantu abampofu – abayiningi lezakhamizi nabavoti bethu – kuyobe njengohulumeni sehlulekile emsebenzini esithunywe wona ngabantu baseNingizimu Afrika.

**Ngiyabonga**